



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ B.H CELE
YOMNCINTISWANO WEZOKUPHEPHA EMGWAQENI NGO-29 MARCH 2008.**

Ngibanibingelela nonke

- ? Ukwenyuka kwezibalo zokufa kwabahamba ngezinyawo emigwaqeni yethu kule minyaka edlule kwenze kwaba semqoka ukugcizelela ukuhamba ngezinyawo njengenye yezindlela zezokuthutha. KwaZulu-Natal u-79% wabafundi uhamba ngezinyawo uma uya esikoleni, kanti u-18% wabasebenzi usebenzisa izinyawo ukuya emsebenzini.

- ? NjengoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal sibeke unyaka wezimali ka-2007/2008 njengonyaka wabahamba ngezinyawo. Lokhu kusiholele ekuqiniseni imikhankaso yokufundisa ngokuphepha emgwaqeni ngenhloso yokuphephisa abahamba ngezinyawo .

- ? Sesiyaazi sonke ukuthi imikhankaso yethu ngesikhathi samaholide kaKhisimusi odlule, ngaphansi kwesiqubulo esithi “Yenza Okufanele”, iholele ekwehleni kwezibalo zokufa kwabahamba ngezinyawo zasuka ku-175 ngo-2006/7 zaya ku-124 ngo-2007/8.

- ? NangePhasika sihlabele phambili njengoba okungenani silahlekelwe ngabantu abahamba ngezinyawo abangu-15 kanti ngonyaka odlule salahlekelwa ngabantu abangu-21 abahamba ngezinyawo.

- ? Umkhankaso wethu wezokuphepha owenziwa ngomncintiswano womculo uhlose ukuqinisa uhlelo oselufinyelele ezindaweni eziningi esifundazweni. Uhlelo lwethu lwamaBandla ezenkolo, esithi i-Inter-Faith Road Safety Programme, luyingxenye yamasu oMnyango okuhlanganisa imiphakathi ekusabalaliseni ivangeli lokuphepha emgwaqeni ukuze kuliwe nokufa kwabantu emigwaqeni yesifundazwe.

- ? Imiyalezo yethu yezokuphepha emgwaqeni iyaqhubeka nokufinyelela kubantu abaningi ngenxa yamasu esiqhamuka nawo. Minyaka yonke sisebenzisana nemiphakathi yamakholwa ekugqugquzeleni ezokuphepha emgwaqeni.

- ? Ukubambisana kwethu nabaculi yinto engasangabazeki futhi ebonakala inezithelo. Abaculi sebenze umnikelo omkhulu ekusabalaliseni umyalezo wezokuphepha emgwaqeni kule minyaka edlule.

- ? Yingakho namhlanje sikuncoma kakhulu ukubambisana nabaculi abasafufusa esikwenza ngokusebenzisana nekomiti labamaBandla ezenkolo. Phela siyazi ukuthi abaculi yibona abakwazi ukufinyelela kubantu abaningi kungakhathalekile ukuthi uqhamuka kuliphi isiko, ezepolitiki, ulimi nokuthi ubani onani nongenalutho.

- ? Umsebenzi wethu njengoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uhlale kungonzima kakhulu – ukusindisa izimpilo zabantu emigwaqeni. Senza konke okusemandleni futhi ngikholwa ngukuthi imigomo nezinhlelo esizibekile zisazoqhubeka. Umlando yiwona oyokhuluma .

- ? Siyathemba ukuthi ngempela ngelinye ilanga liyofezeka iphupho lethu lokuba neKwaZulu-Natal engenazo izingozi. Kodwa ukuze kwenzeke lokho kumele siqinise umkhankaso wokufundisa ngokuphepha emgwaqeni bese siqinisa ukugcinwa komthetho .

- ? Umzabalazo wempilo engcono uyaqhubeka kodwa umzabalazo omkhulu ngukuzigcina uphilile. Namhlanje sithi njengoMnyango simele ukuqinisekisa ukuthi uhlala uphilile senze nempilo yakho ibe ngcono.

- ? Ngala mazwi ambalwa, ngithanda ukubonga bonke abaculi abanikele ngamandla nesikhathi sabo ekudluliseni umyalezo wokuphepha emgwaqeni. Kumele sikushayele ihlombe lokhu ngethemba lokuthi bonke abasebenzisa umgwaqo bazowulalela kahle umyalezo wokuphepha emgwaqeni o lethwa abaculi bethu.

Ngiyabonga